Isifundo 7

**November 10–16*

Lapho Kuqubuka Ukungquzulana

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Zenzo 6:1–6; Zenzo 10:1–23; Mat. 5:17–20; Zenzo 11:3–24; Zenzo 15:1–22; Amos 9:11, 12.

Indimana Yekhanda:

"Ngokuba nonke enabhapathizelwa kuKristu nembatha uKristu. Akakho umJuda nomGreki, akakho oboshiweyo nokhululekileyo, akakho owesilisa nowesifazane, ngokuba nina nonke nimunye kuKristu Jesu" (Galathiya 3:27, 28, NKJV).

Omunye wemisebenzi elukhuni kunayo yonke wanoma yimuphi umphakathi wobuKristu yilowo wokugcina ubunye lapho ukungaboni ngaso linye kuqubuka odabeni olumayelana nokuthi umsebenzi webandla yimuphi. Lokhu kwehlukana ngemibono kungaholela emiphumeleni emibi kakhulu. Imiphakathi yobuKristu yanamuhla ayehlukile kunaleyo esiyibona kwiTestamente Elisha. Abantu ngabantu, futhi ukwehlukana, nakumaphuzu asemqoka kuzokwenzeka. AmaKristu akuqala abhekana nokungquzulana okwakudalwa ngukucabanga ukuthi kunokucwasana futhi nasekuhumusheni izindaba ezisemqoka nemikhuba yeTestamente Elidala. Lokhu kungquzulana kwakungalibhubhisa ibandla ebusheni balo uma kwakungekona ukuphusa kwabapostoli nabaholi abafuna ukuhola kukaMoya oNgcwele kanye neZibhalo ukuxazulula lokhu kungaboni ngaso linye. Emavikini ambalwa edlule sifunde indlela ibandla lokuqala elaba namava obunye ngayo. Kuleliviki sizobuka indlela ibandla lokuqala elasombulula ngayo ukungquzulana ngaphakathi okwakuphazamisa ubunye balo futhi kwenza ukuba libesengozini yokuphela. Babebangani, futhi bakuxazulula kanjani, futhi singafundani thina namuhla kulawomava na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-November 17.*

Ukucwasa Ngokobuhlanga

Funda iZenzo 6:1. Yiluphi udaba ebandleni lokuqala olwenza abantu bakhononde ngokungezeki kobulungiswa ekwabelaneni ngokudla kubafelokazi na?

Amanye amaKristu okuqala abonakala ecwasa abafelokazi bamaGriki ababephakathi kwawo futhi babanikeza ukudla okuncane kunokwabafelokazi bamaHeberu. Lokhu okwabonakala kungukuthanda abanye kunabanye kwadala umsansa emphakathini wokuqala wamakholwa. Noma ngabe lokhu kwakunjalo noma cha, umbhalo awusho. Umbhalo uthi nje abanye abantu babekholwa ngukuthi kwakunokucwasa. Lengquzulwano yaba nobungozi ebunyeni bebandla. Kuyathathekisa ukuthi ukwehlukana ngokobuhlanga kwabonakala ngokushesha ebandleni.

Funda iZenzo 6:2-6. Yiziphi izinyathelo ezilula ezathathwa yibandla lokuqala ukuxazulula lokhu kungaqondi kahle na?

Ibandla lokuqala lalikhula ngesivinini, futhi lokhu kukhula kwabeka umthwalo onzima kubapostoli. Ukukhethwa kwamdoda ayisikhombisa, ngokujwayelekile abizwa “ngabadikoni” (nakuba iTestamente Elisha lingababizi kanjalo), kwaqeda ukuxabana ebandleni laseJerusalema futhi kwavumela ukuthi abantu bathathe iqhaza emsebenzini webandla. Abapostoli balalelisisa lokhu kukhononda kwamakholwa akhuluma isiGriki futhi bacela isisombululo. Ukukhethwa kwalamadoda ayisikhombisa ukuba abe ngabasizi babapostoli kwayekelwa kuleliqembu, futhi lancoma abafundi abayisikhombisa, bonke babengabozalo lwamaGriki. Lamadoda kuthiwa“ayenodumo oluhle, egcwele uMoya oNgcwele nokuhlakanipha” (Zenzo 6:3, NKJV). Umsebenzi wabapostoli, kuze kube yilesosikhathi kwakungowokushumayela Izwi likaNkulunkulu kanye nokwabela ukudla kubafelokazi, wahlukaniswa kabili, ngamunye enza umsebenzi obalulekile ekumemezeleni ivangeli. ULuka usebenzisa igama elifanayo “ukusebenza” noma “ukukhonza” (diakonia), ukubhekisa kukho kokubili ukusebenza kwabapostoli ekushumayeleni Izwi (Zenzo 6:4) kanye nasemsebenzini wabadikoni ekwabelaneni ngokudla (Zenzo 6:1).

Yikuphi ukubaluleka okubonayo eqinisweni lokuthi abaholi babiza Iningi lamakholwa ndawonye (Zenzo 6:2) ukuze bazame ukuthola isisombululo na?

Ukuphenduka KwabeZizwe

Ukuphenduka kwabeZizwe evangelini likaJesu Kristu yisigameko encwadini yeZenzo esiza nokungquzulana okukhulu kunakho konke empilweni yebandla lokuqala, okwakunengozi yokuqeda ubukhona kanye nomsebenzi walo.

Funda iZenzo 10:1-23. Yiziphi izinto kulesisahluko ezikhombisa ukuthi uMoya oNgcwele wawusebenza ezinhliziyweni zabantu abaningi ukulungisa indlela yokuthi abeZizwe bamukele ivangeli na?

Kusenokuba lombono wabukeka uyimbudane kuPetro. Uyamethusa ngoba, njengomJuda othembekile, wayengakaze adle ukudla okungcolile noma okungcolisiwe, njengoba umthetho wawufuna (buka uLevitikus 11, Ezek. 4:14, noDan. 1:8). Nakuba kunjalo, inhloso yalombono kwakungeyona eyokudla kodwa yayimayelana nezihibe phakathi kwamaJuda nabeZizwe ezazivimbela ukusabalala kwevangeli. Lezizihibe zazandile kakhulu emhlabeni wangalesosikhathi njengalokhu zinjalo nanamuhla. Eminyakeni engamashumi okuqala, ubuKristu babakhiwe ngamaJuda ayamukele uJesu njengoMesiya wesithembiso weziprofetho zeTestamente Elidala. Lamakholwa okuqala kuJesu ayengamaJuda athembekileyo ayelalela umthetho njengalokhu ayewufundisiwe. Awazange abone ivangeli likaJesu Kristu njengeliqede izimiso zeTestamente Elidala (buka uMat. 5:17-20).

Funda iZenzo 10:28, 29, 34, 35. UPetro wayiqonda kanjani incazelo yombono ayewutholile eJoppa na? Yini eyaholela kulencazelo na?

Esikubona kwenzeka encwadini yeZenzo ngukuthi uMoya oNgcwele wayelungise indlela yokuthi abeZizwe bamukeleke ebudlelwaneni bomphakathi wamaKristu. Futhi babengakwenza ngaphandle kokuba basokwe babengamaJuda kuqala. Okwaqinisekisa uPetro kanye nabangani bakhe ngokuthi lokhu nembala kwakuyintando kaNkulunkulu ngukuthelwa kukaMoya oNgcwele phezu kuka-Cornelius kanye nabendlu yakhe ngendlela efana naleyo eyenzeka kubafundi bakaJesu ngosuku lwePentekoste (Zenzo 10:44-47). Uma uMoya oNgcwele enganikezwa kwabeZizwe ngendlela efana naleyo anikezwa ngayo kumaJuda, kungubufakazi bokuthi ukusokwa kwakungeyona imfuneko yokuba yikholowa kuJesu njengoMesiya. Lesisiphetho sasekela inkundla yokungquzulana okukhulu ngokwemfundiso phakathi kwamaKrsitu okuqala.

UMoya Uyahola

Imibiko yalokho okwakwenzeke e-Caesarea ngo-Cornelius yafika ngokushesha kubaholi bomphakathi wamaKristu eJerusalema, futhi bacela ukuba uPetro anikeze umbiko ngalokho okwakwenzekile. Banengwa yilokho okwakwenziwe nguPetro ngoba, ngokokuqonda kwamaJuda umthetho kaMose, amaJuda athembekileyo ayengavunyelwe ukudla nabeZizwe (Zenzo 11:3).

Funda iZenzo 11:4-18. Yathini incazelo kaPetro mayelana nomsebenzi kaMoya oNgcwele kanye nokuhola Kwakhe kulesisigameko na? Yiliphi iphuzu eliphambili ayelenza ngokubika ngalokho okwakwenzekile na?

_____

_____

Nakuba abanye babanemibuzo ngokuba semthethweni kwezenzo zikaPetro kanye nesinqumo sakhe sokubhabhathiza lababeZizwe, ofakazi abanele (Zenzo 11:12) baqinisekisa ukuthi uMoya oNgcwele nembala wabonakalisa ubukhona Bakhe ngendlela efanayo neyangePentekoste. Ukulonda nokuhola kukaMoya oNgcwele kulesisigameko kungehlaphikwe futhi nesipho siyavunywa. "Bathi ukuzwa lokho, bathula, badumisa uNkulunkulu, bathi: 'Kanti uNkulunkulu unike nabezizwe ukuphendukela ekuphileni'" (Zenzo 11:18, NKJV).

Funda iZenzo 11:19–24. Yini eyenzeka ngokulandelayo empilweni yebandla lokuqala na?

_____

Mhalwumbe abanye eJerusalema e ukuthi lokho okwenzeka ngo-Cornelius nabendlu yakhe kwakuyinto eyayingezukuvama nokuthi amava njena ngeke aphinde enzeke. Kodwa lokho akukona okwuhloswe nguMoya oNgcwele. Njengoba abafundi bakaJesu babesabalala ngale kwaseJerusalema naseJudiya, ngenxa yokushushiswa okwaqubuka ngemuva kokufa kukaStefano (Zenzo 8:1), futhi baya eSamariya, e-Phoenicia, e-Cyprus, kanye nase-Antioch, sanda isibalo sabeZizwe abamukela uJesu njengoMsindisi wabo. Yilokhu uJesu ayethe kuzokwenzeka (Zenzo 1:8). Nakuba lokhu kwanda kwabeZizwe kwakumangalisa, uma sizibeka endaweni yalamakholwa okuqala angamaJuda kulula ukubona ukuthi bangakhungatheka kanjani ngendlela okumele benze ngayo.

Kungabe thina singaba kanjani nombono ofiphele webandla kanye nesigijimi sethu okungathikameza ukuvangela kwethu na?

Isigungu SaseJerusalema

Funda iZenzo 15:1, 2 no Galathiya 2:11–14. Yiziphi izinto ezimbili ezabanga ukungquzulana okuqinile ebandleni lokuqala na?

Ingozi yobunye bebandla amaKristu okuqala abhekana nayo yayikhona futhi ilukhuni. Amanye amaKristu angamaJuda ayecabanga ukuthi ukusindiswa kwakungenzeka kuphela kulabo ababengabantu besivumelwano bakaNNkulunkulu, futhi kwakusho ukuthi ukusokwa kwakungumqathango. Njengengxenye yempilo yokwethembeka lamakholwa angamaJuda futhi ayekholwa ukuthi kwakumele agweme ukuhlangana kwanoma yiluphi uhlobo nabeZizwe okwakungase kuvimbe ukusindiswa kwawo. AmaJuda ayenemikhuba enqala mayelana nokuhlangana kwawo nabeZizwe. Lemikhuba ngokushesha yaba yisikhubekiso kumphakathi omusha wamaKristu ngankathi abapostoli beqala ukushumayeza abeZizwe ababefuna ukuba ngabalandeli bakaJesu. Ngenxa yokuthi uMesiya unguMsindisi wabantu bakaNkulunkulu besivumelwano, njengoba kubikezelwe kwiTestamente Elidala, kwakungamele yini abeZizwe babengamaJuda kuqala futhi balandele imithetho efanayo yesivumelwano uma befuna ukusindiswa na?

Funda iZenzo 15:3–22. Yiziphi ezinye izinto ezethulwa ngesikhathi seSigungu saseJerusalema na?

Udaba lapha lwalugxile kwizimpikiswano ngezincazelo ezazikhona mayelana nezindaba zeTestamente Elidala mayelana nokusokwa kanye nobudlelwane nabeZizwe. Njengoba abapostoli, abadala, kanye nezithunywa zase-Antioch behlezi ndawonye, kwabukeka sengathi izingxoxo zazithatha isikhathi eside ngaphandle kwesivumelwano. Kodwa ke uPetro, u-Barnabas, kanye noPawule bethula izinkulumo. Inkulumo kaPetro yabhekisa kwisambulo ngombono uNkulunkulu ayemnikeze yena kanye nakwisipho sikaMoya oNgcwele, owavula indlela yokuthi kusetshenzwe kwabeZizwe. UPawule no-Barnabas basebabelana ngezindaba zabo ngalokho uNkulunkulu ayekwenzile ngabo kwabeZizwe. Ngenxa yalokho, amehlo abaningi avulekela eqinisweni elisha. UPetro wayesethi: " 'Kepha siyakholwa ukuthi sisindiswa ngomusa weNkosi uJesu ngandlelanye nabo,' " eqonde abeZizwe (Zenzo 15:11, NKJV). Izinkolelo zamakhulu khulu eminyaka zazibhidlika ekukhanyeni kwevangeli.

Ngabe sikhona isikhathi lapho owaguqula khona umqondo wakho ngendlela owawuqonda ngayo inkolelo ethile na? Yini owayifunda kulawomava mhlawumbe engakusiza uma ungaphinda futhi ungabaze ngokuqonda kwakho inkolelo ethile na?

Isisombululo Esilukhuni

Kwathatha izinga elithile lokwethemba ebandleni lase-Antioch ukuba lithumele abameli eJerusalema ukuze bayofuna isisombululo esigcono kunazo zonke zokungquzulana kwabo. Nakuba kunjalo, ngemuva kwamahora amaningi okuxoxisana phakathi kwabafundi nabadala, uJakobe, umfowabo kaJesu, okubonakala engumholi wesigungu, wenza isinqumo ngalokho okwakumele kwenzeke (Zenzo 15:13-20). Ngokusobala isigungu sanquma ukuthi abeZizwe abadingi ukuguqukela kubuJuda, balalele zonke izigaba zemithetho, kuhlangene nokusokwa, ukuze babe ngamaKristu.

Funda uAmos 9:11, 12 no Jeremiah 12:14–16. Ziprofetho zini ezenziwa yilaba baprofethi beTestamente Elidala mayelana nezizwe ezingomakhelwane bakaIsrayeli na?

Nakuba uJakobe ecaphuna kuAmos 9, sibona izinkomba osindisweni lwezinye izizwe kwabanye abaprofethi beTestamente Elidala. Kwakuyinhloso kaNkulunkulu sonke isikhathi ukusindisa lonke izwe ngokufakaza kanye namava kaIsrayeli. Empeleni, ukubizwa kukaAbrahama nguNkulunkulu kwakufaka isibusiso sazo zonke izizwe ngaye kanye nesizukulwane sakhe (Gen. 12:1-3). Ukuhola kukaMoya oNgcwele; ukusebenza kukaPetro, no-Barnabas, kanye noPawule phakathi kwabeZizwe; kanye nokuguquka kwabeZizwe abaningi kwakungubufakazi obungephikwe. Lobubufakazi basiza abaholi bomphakathi wamaKristu eJerusalema ukubona ukuthi Iningi leziprofetho zeTestamente Elidala zazifezeka manje. Empeleni, uNkulunkulu wayesiyinikezile imigaqo mayelana nobukhona kwabeZizwe kwaIsryaeli kanye nemikhawulo ehambisana nabo (Levitikus 17, 18). UJakobe futhi ubhekisa kulemithetho esinqumeni sakhe (Zenzo 15:29). Kwaba sobala kubo bonke ukuthi uNkulunkulu wayebiza abeZizwe ukuba babeyingxenye yabantu Bakhe futhi bamukele insindiso kuJesu. Ukuhola kukaMoya oNgcwele kwabanikeza ukuqonda okudephile kweZibhalo futhi kwabembulela amaqiniso abucayi ababengawabonanga ngaphambilini. IZenzo 15:30-35 zibika ngempendulo yamakholwa e-Antioch kulokho okwakunqunywe eJerusalema: “Abantu . . . bathokoza ngalombiko okhuthazayo” (Zenzo 15:31, NIV). Sibona lapha kwiZenzo Isibonelo esinamandla sendlela ibandla lokuqala, ngokuzinikela Ezwini likaNkulunkulu, kanye nomqondo wothando, ubunye, nokwethemba, lakwazi ngaphansi kokuhola kukaMoya oNgcwele ukugwema lokho okwakungase kube yinkinga enkulu yobunye.

Lendaba isifundisani ngokubaluleka kithina, hhayi kuphela ukuba silalele lokho okushiwo ngabanye kodwa nokucabanga ukuthi bangase babe baqinisile, nakuba lokho abakushoyo kungekona esifuna ukukuzwa na?

Funda Kabanzi:

Ellen G. White, "A Seeker for Truth," pp. 131–142; "Jew and Gentile," pp. 188–200, in *The Acts of the Apostles*. "Isigungu esanquma ngaloludaba sasiqukethe abapostoli nabafundisi ababegqamile ekukhuliseni amabandla amaKristu angamaJuda nangabeZizwe, nezithunywa eziphuma ezindaweni ezahlukahlukene. Abadala abaphuma eJerusalema kanye namasekela aphuma e-Antioch babekhona, futhi amabandla ayenethonya elikhulu ayemelwe. Isigungu saqhuba ngokwezimiselo zokukhanyiselwa, kanye nesithunzi sebandla elisungulwe ngokwentando yezulu. Ngenxa yezingxoxo bonke babona ukuthi uNkulunkulu ngoKwakhe wayephendule umbuzo osezithebeni ngokwehlisela kwabeZizwe uMoya oNgcwele; futhi babona ukuthi okwabo kwakungukulandela ukuhola kukaMoya. "Akuwona onke amaKristu abizelwa ukuba azovota ngaloludaba. 'Abapostoli nabadala,' amadoda anethonya kanye nokwahlulela, akha futhi akhipha isinqumo, esamukelwa ngamabandla amaKristu. Akubona bonke, nokho, abajabula ngalesisinqumo; kwabakhona iqembu labazalwane abazithembayo nabazimisele abangavumelananga naso. Lamadoda ahlosa ukungena emsebenzini ngokwawo. Akhuthaza ukukhononda kanye nokugxeka, bencoma izinhlelo ezintsha futhi befuna ukudicilela phansi umsebenzi wamadoda uNkulunkulu ayewagcobele ukufundisa ngevangeli. Kusukela ekuqaleni ibandla libe nalezi zingqinamba futhi liyoqhubeka libhekene nazo kuze kube sekupheleni kwesikhathi."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, pp. 196, 197.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yiziphi izinyathelo eziya esisombululweni sokungquzulana ezitholakala kulezizindaba esizibukile kuleliviki ezingasetshenziswa ebandleni okulo uma kuqubuka ukungavumelani na? Nakuba olunye udaba ibandla elabhekana nalo lapha lwalungemfundiso, yini esingayifunda kulezizindaba engasiza ibandla lapho izindaba zamasiko, zepolitiki, noma zobuhlanga zihlasela ubunye na? Yiziphi izimiso ezibalulekile esingazithatha kulokho esikubonile na?

2. Buka futhi isicaphuno sika-Ellen G. White ngenhla. Ngaphandle komphumela omuhle, abanye babengagculisekile. Yisiphi isifundo okumele sisithathe kuleliqiniso elidabukisayo na?

Kafushane: Ibandla lokuqala lalisengozini yokungquzulana ngaphakathi ngenxa yezinto eziningi ezazingaba nomphumela omubi kakhulu. Sibonile indlela ibandla, ngaphansi kokuhola kukaMoya oNgcwele kanye nokuzinikela Ezwini likaNkulunkulu, elakwazi ngayo ukuxazulula lokhu kungquzulana futhi lagwema ukwehlukana.